NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2025

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Amakhasi aleli phepha ayi-15. Qinisekisa ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZINE, isiqephu A, B, C kanye no-D. Bhekisisa ukuthi nelakho linazo zonke iziqephu.
3. Phendula zonke IZIQEPHU.
4. Qala isiqephu EKHASINI ELISHA. Uvumelekile ukuqala nganoma yisiphi isiqephu osithandayo kodwa usiqede ungaxubanisi imibuzo yesiqephu.
5. Bhala izinombolo zemibuzo zibe njengoba zibhalwe ephepheni lemibuzo, UNGAZIGUQULI.
6. Phendula yonke imibuzo ngesiZULU.
7. Shiya umugqa owodwa njalo emuva kwempendulo.
8. Ungabhali lutho ngale kwemajini.
9. Bhala ngesandla esicacile, esifundekayo futhi umsebenzi wakho uhleleke kahle ngobunono.

IEB Copyright © 2025

ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

Funda le ncwadi bese uphendula imibuzo elandelayo.

103 Ntuli Road
Kloof
Durban
3610
15 kuMasingana 2024

Luyanda

Ngithemba ukuthi uyaphila nomndeni wakho eShowe. Angiqale ngokukubongela ukuthi uphumelele kahle ibanga le-11. Kufanele uqhubeke nokusebenza ngokuzimisela ebangeni le-12 ukuze kufezeke isifiso sakho sokuyofundela ubudokotela eNyuvesi yaKwaZulu-Natali ngonyaka ozayo.

Ngibhala le ncwadi ngoba ngifuna ukukuxoxela ngeholidi lami laseKapa engilithathe nomndeni wami ngoZibandlela, ngonyaka odlule.

Ngihambe nobaba, umama nodadewethu uNosipho. Ngiyathanda ukuhamba nabazali bami ngoba bangabantu abanothando. Mina nodadewethu uNosipho siyabathanda kakhulu abazali bethu. Basikhuthaza ukuthi sihloniphe abanye abantu futhi sithembeke njalo. Uma senze okuhle bayasincoma. Uma singenzi kahle bayasiluleka noma basiyale. Endleleni eya eKapa basixoxele ngempilo yabo yakudala. Bengijabule kakhulu ngoba bengizobona idolobha laseKapa okokuqala. Inhliziyo yami ibigxumagxuma.

Idolobha laseKapa lidume ngobuhle nokuheha (attracts) izivakashi ezivela emazweni ahlukene. Izindawo ezidumile esizivakashele kube yi-*Table Mountain*, yi-*Robben Island*, ne*Cape Point Nature Reserve*. Sihambe ngebhanoyi ukuya eKapa. Umama ubhukhe indiza yehora leshumi ekuseni e*King Shaka Airport.* Sifike e*Cape Town International Airport* ngehora leshumi nambili emini.

Sifike ehhotela i*City Lodge* ngehora lokuqala. Sihlale khona izinsuku ezinhlanu. Indawo yokuqala esiyivakashele yi-*Robben Island* lapho kwaboshwa khona uNelson Mandela iminyaka engama-27. Kule ndawo, abadala bangene ngo-R400 ngamunye. Mina nodadewethu uNosipho singene ngo-R210 ingane ngayinye. Sifunde kabanzi ngomlando waleli jele sabona isiqhingi esidume umhlaba wonke. Leli jele seliphendulwe indawo yokugcina amagugu omlando wamaqhawe aseNingizimu Afrika. UMnyango wezobuCiko naMasiko ulungise le ndawo ngo 1997. Inhloso bekungukufundisa abantu abasha nezivakashi ngomlando ocebile waseNingizimu Afrika. Kule ndawo sibone lapho kwaboshwa khona uNelson Mandela namanye amaqhawe aseNingizimu Afrika ezepolitiki. Uma ungena ubona izithombe ezigcwele udonga zabantu abangosopolitiki abahlukene. Sithole nethuba lokubuka umdlalo weshashalazi ochaza ngayo yonke impilo yeziboshwa zaseRobben Island. Sibone umtapo wolwazi onezincwadi eziningi. Le ndawo iheha izivakashi eziningi ezivela emazweni angaphandle.

IEB Copyright © 2025

Ngosuku olulandelayo siye e*Table Mountain* ukuyogibela i-*Cable Car*. Ukugibela lapha kubiza amarandi angama-410 umuntu ngamunye. I-*Cable Car* igibelisa abantu abangama-65 ngesikhathi. Kuthatha imizuzu eyishumi ukukhuphuka nokwehla nge-Cable Car. Iyashesha futhi iphephile kunebhanoyi. Inamagilasi amakhulu. Ukwazi ukubona lonke idolobha nolwandle lwaseKapa.

Ngosuku lwesithathu siye e-*Cape Point Nature Reserve*. Ngijabule kakhulu mina ngoba ngiyazifela ngemvelo. Singene ngamarandi angama-79 umuntu ngamunye. Ngibe nenhlanhla yokubona izinyamazane, izimfene nezinyoni ezinkulu. Sigibele izithuthuthu ezincane ezikubonisa lonke ihlathi nolwandle oluse *Cape Point*. Sibone lapho kuhlangana khona i-*Atlantic* ne-*Indian Ocean* ebizwa nge-*Cape Agulhas*. Yinhle kakhulu le ndawo futhi ufisa ukuhlala khona isikhathi eside.

Ngosuku lwesine sivuke **ilanga likhipha inhlanzi emanzini**. Siye e-*Clifton Beach* ukuyobhukuda. Ulwandle beluluhle lucwebile, lungenawo amagagasi anamandla. Sibhukude isikhathi eside. Sidlale esihlabathini. Kube wusuku olumnandi. **Kuthe ilanga seliyozilahla kunina**, saqoqa izimpahla zethu saya kodla isidlo sakusihlwa kwenye yezindawo eseduze nolwandle eNambitha Restaurant.

Leli holidi libe yisikhathi esihle sokuhlangana komndeni wakithi. Uma ngithola elinye ithuba ngizophinde ngivakashe eKapa.

Ukhonze kubazali bakho nodadewenu.

Yimina umngani wakho

u-Olwethu

[Umbhalo wokuziqambela]

1.1 Ngubani obhale le ncwadi futhi ubhalele bani? (1)

1.2 Phendula ngokuthi **yiqiniso** noma **ngamanga**.

1.2.1 Umbhali wale ncwadi uhambe ngebhasi ukuya e-Cape Town. (1)

1.2.2 Indawo eCape Town lapho kuhlangana khona i-*Atlantic* ne *Indian Ocean* ibizwa ngokuthi yi-*Cape Agulhas*. (1)

1.3 Kwabathatha isikhathi esingakanani ukusuka e*King Shaka Airport* ngebhanoyi bafike e-*Cape Town International Airport*? Bhala isikhathi ngesiZulu. (1)

1.4 Ngokwendaba waboshwa iminyaka emingaki uNelson Mandela eRobben Island? Bhala inombolo ngamagama esiZulu. (1)

1.5 Yisho ukuthi uhlobene kanjani umbhali noLuyanda. (1)

1.6 Encwadini, thola igama **elinomqondofana** naleli:

1.6.1 Liyaziwa (1)

1.6.2 Indiza (1)

IEB Copyright © 2025

1.7 Ngokwendaba, idolobha laseKapa lidume ngani? (2)

1.8 Yisho ukuthi yindawo enjani isiqhingi. (1)

1.9 Endabeni, tomula umusho ofakazela ukuthi umbhali uyithanda kakhulu imvelo. (1)

1.10 Humusha leli gama: **Table Mountain**. (1)

1.11 Chaza lezi zimo **zokukhuluma**:

1.11.1 Ilanga likhipha inhlanzi emanzini. (1)

1.11.2 Kuthe ilanga seliyozilahla kunina. (1)

1.12 Umbhali nabazali bakhe banobudlelwano obuhle. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu amabili. (2)

1.13 Wena yiliphi idolobha ongathanda ukuvakashela kulona? Kungani? (2)

1.14 Nikeza le ncwadi isihloko esiyifanele. (1)
[20]

IEB Copyright © 2025

UMBUZO 2

Bukisisa ikhathuni engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.



[Sicashunwe ku-inthanethi]

2.1 Unjani umbala wemoto? (1)

2.2 Bangaki abantu abakule khathuni? (1)

2.3 Bhala igama **elinomqondo ophikisa** leli kwikhathuni: **Faka**. (1)

2.4 Ucabanga ukuthi kungani ithangi likaphethiloli livezwe laba namazinyo amakhulu acijile? (1)

2.5 Ukukhuphuka kukaphethiloli kunamuphi umthelela ekukhuphukeni kwamanani okudla? Bhala amaphuzu amabili. (2)

2.6 Indoda kule khathuni ithukile. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu amabili. (2)

2.7 Chaza ngamaphuzu amabili ukuthi ikhuluma ngani le khathuni. (2)
[10]

Amamaki angama-30

ISIQEPHU B UKUFINGQA

UMBUZO 3

- Funda le ndatshana bese **UYIFINGQA** ngamagama **angama-50** kuya **kwangama-60**.
- Bhala amaphuzu **AMAHLANU** ngemisho ephelele.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela **kweyoku-1** kuya **kweyesi-5** NOMA **amabhulethi**.
- Sebenzisa amagama akho emishweni. **UNGABHALI** isigaba.
- Sebenzisa ulimi oluhle nolwamukelekile.

UBUHLE NOBUBI BOMAKHALEKHUKWINI BESIMANJE



[Sicashunwe ku-inthanethi]

Esikhathini esiningi abantu basebenzisa omakhalekhukhwini ukuxhumana nabantu ababathandayo. Yize kunjalo, ababasebenzisi ukuxhumana nezithandwa zabo kuphela kodwa lolu hlobo lobuchwepheshe luyasiza empilweni yabo bonke abantu.

Omakhalekhukhwini besimanje (*smartphones*) benza izinto ezibalulekile njengokushutha izithombe, ukukhipha nokuthumela imali, ukudlala umculo nemidlalo eyehlukene, ukubuka umabonakude, ukulalela umsakazo, ukuthatha ividiyo ngezinto ezenzeka ngaleso sikhathi nokungena ezinkundleni zokuxhumana.

Ukushutha izithombe ngomakhalekhukhwini kuhle kodwa kwesinye isikhathi kungaba nomthelela omubi kulabo osuke ubashutha izithombe noma uthatha ividiyo. I-*Careers24* isiza abantu abafuna umsebenzi. Icela ukuthi baqaphele izinto abazishuthayo bese bezifaka ezinkundleni zokuxhumana. Izithombe namavidiyo owafaka ezinkundleni zokuxhumana kungaba nomthelela omubi uma ufaka isicelo somsebenzi ezinkampanini. Lo mbhalo we-*Careers24*, waveza ukuthi izinkampani zibheka izinkundla zokuxhumana zalabo abafake izicelo zomsebenzi. Zibheka uhlobo lwempilo abantu abaluphilayo.

IEB Copyright © 2025

Kuyiqiniso ukuthi omakhalekhukhwini besimanje bathuthuke kakhulu uma ubaqhathanisa nabeminyaka eyishumi edlule. Bakwazi ukushutha izithombe namavidiyo abonakala kahle ukudlula amakhamera. Omakhalekhukhwini besimanje bakwazi ukushutha isithombe somuntu okude siphume sigqamile.

UMnumzane Banele Mhlongo ofundisa izifundo zomthetho eNyuvesi yaKwaZulu-Natali uthe, umthetho usele emuva. Kufanele kukhishwe umthetho ochaza ukuthi omakhalekhukhwini besimanje kufanele basebenze kanjani. Uthe, akukona ukuphula umthetho uma abantu beshutha izinto ezenzeka ezindaweni ezivulelekile zomphakathi. Umthetho usebenza uma kuzoshuthwa endaweni okungeyona eyomphakathi. Ukhuza abantu ukuba bangashuthi izinto noma umuntu esendaweni yakhe kungavunyelwene ngoba kungukuphula ilungelo lakhe.

UMnumzane Mhlongo uthe, yize kungekona ukuphula umthetho ukushutha izithombe nokuthatha amavidiyo endaweni yomphakathi kodwa abantu kumele bacabangele abanye. Uma kunengozi embi kulimele abantu noma kukhona abashonile cabanga ngaphambi kokuba ushuthe izithombe noma uthathe ividiyo! Ubuntu nokucabangela imindeni ethintekayo kumele kuhambe phambili uma kuthathwa amavidiyo noma kushuthwa izithombe.

[Icashunwe ephephandabeni *Ilanga Langempelasonto,* July 15–16, 2023]

Ekufingqeni kwakho bheka lokhu:

- Ukubaluleka komakhalekhukhwini besimanje.
- Izidingo zempilo ezenziwa ngomakhalekhukhwini besimanje.
- Ubuhle nobubi bomakhalekhukhwini besimanje.
- Umthetho olawula ukusetshenziswa komakhalekhukhwini.
- Ubuntu nokucabangela imindeni uma kwenzeke ingozi embi.

UKWABIWA KWAMAMAKI

Ingqikithi:	Amaphuzu amahlanu akhona futhi enza umqondo.	(5)
Ulimi:	Lusetshenziswe kahle, alunamaphutha.	(2)
Amagama omfundi:	Umfundi usebenzise amazwi akhe.	(1)
Amaphuzu:	Izinombolo noma amabhulethi.	(1)
Inani lamagama:	Amagama esephelele angama-50 kuya kwangama-60 futhi abhaliwe.	(1)

Amamaki angama-10

IEB Copyright © 2025

ISIQEPHU C IZINKONDLO

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBUZO 4

Inkondlo A – Efundwe ekilasini

NGIYOKUKHOHLWA NGIFILE – Bongani Mavuso

(kuSphesihle Mavuso owadlula emhlabeni mhlaka-17 April 2001)

Ngazibona ngawe ukuthi ngiyindoda ndodakazi yami,
Kanti angibuzanga elangeni mntanami;
Ingxavula enonya yasesibhedlela eTembisa,
Izokuholela ophathe ngehora leshumi besanda kungithembisa
Odokotela ukuthi zizowuphosa umbalane bathembisa.

Kazi lapho ongilinde khona kunjani?
Amanzi okuphila kwaphakade aphuzwa ngabanjani?
Ngitshengise esibonakalisweni ukuthi usungakanani ntomb' enhle,
Ze ngizobonga nginconcoze kuMdali ngobuhle,
Akunika bona ngesihle UMUHLE.

Kuphila, izimpophoma zomphefumulo kaNyembezi,
Zafana nechilo ekujuleni kwenhliziyo kababa wakho.

Ngiyokukhohlwa ngifile kufa,
Wangeza isilo sengubo ngiphila;
Izindonga zomndeni kaNgwane zabhacekwa ngokufa,
Kwaqhuma insini ezitheni ezingajabuli lapho siphila.
Akusenani kuzonqotshwa ukufa.

4.1 Enkondlweni, **tomula** amagama achaza lokhu:

4.1.1 Amanzi ehla phezulu ematsheni amakhulu (stanza 3). (1)

4.1.2 Ukuhleka kakhulu (stanza 4). (1)

4.2 Hlobo luni **lwezinzwa** ezitholakala kule migqa:

4.2.1 Umugqa woku-1? (1)

4.2.2 Umugqa wesi-7? (1)

4.3 Unjani umoya wale nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
[6]

IEB Copyright © 2025

UMBUZO 5

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Inkondlo B – Efundwe ekilasini

1	Ngikubona uncike odongeni olumidwayidwa,
2	Izimfa zelawu lakwethu,
3	Zikuqaqele kuhle komuhlwa ekabheni.
4	Qina nsukuzonke dondolo lukagogo,
5	Uqinise amadolo kagogo,
6	Ze ezocathula kuhle kosana malanga onke ugogo.
7	Intombi yaseMabheleni uyithwale ibuthaka,
8	Wayithwala kumnyama kubomvu;
9	Nempesheni isiyitholela wena dondolo ongentondolo.
10	**Ngaphandle kwakho singelithathe igxathu isalukazi sakwethu;**
11	Ongazi angathi sicinga inalithi emhlabathini ob'thuvibenja,
12	Lapho sigqolozele umkhombandlela oqine NKO.

5.1 Bhala **isihloko** sale nkondlo. (1)

5.2 Hlobo luni **lwesifengqo** olutholakala emugqeni wesi-3? (1)

5.3 Bhala **indikimba** yale nkondlo. (1)

5.4 Ngamazwi akho veza ukuthi imbongi iqonde ukuthini emugqeni we-10. (1)

5.5 Chaza ukuthi imbongi yayikusiphi **isimo** ngesikhathi ibhala le nkondlo. Sekela impendulo yakho. (2)
[6]

IEB Copyright © 2025

UMBUZO 6

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Inkondlo C – Efundwe ekilasini

ISIHLAHLA SOMNDUZE

Woza s'thandwa sami,
Sihlale ngaphansi kwesihlahla somnduze,
Woza s'thandwa senhliziyo yami.
Nqampuna nanku umnduze ungondle.
Kuthi nxashana usuwushutheka emlonyeni kimi,
Bese kuthi cosololo,
Nenhliziyo isho igubhe kuhle kwamagagasi anamandla.
Umqondo wami usuyazulazula namehlo kawasaboni,
sekunofasimba kimi.
Hawu! Ngiyakuthanda mntanomuntu.
Asihlale, sigobe amadlangala ngaphansi kwalesi sihlahla somnduze,
Sakhe isikanekiso sothando lwethu.

Sengiphelele lapha kuwe s'thandwa sami.
Sengikhehleke amadolo – asiyelule le mini,
Sihlale sibuke amafu amhlophe namnyama.
Kula mafu ngibona isithunzi sakho nesami.
Asisale sesihamba silifulathele leli lakithi, siduke nezwe.
Phinda unqampune nanku umnduze,
Ugijimise imizwa yami.
Khuluma kimi, ngihlebele sithandwa sami,
Ngitshele themba lami ukuthi uyangithanda;
Ngiyabona amehlo akho asephenduke ibhola lomlilo,
Ngiyasizwa isilokozane nesibibithwana sakho,
Nezinyembezi zilokhu zigeleza njengezimpophoma,
Sezize zaba ngamathantala.
Dlana nanku umnduze s'thandwa sami,
Sondela kimi ngange.

6.1 Bhala igama **eliyisenzukuthi** esitholakala esitanzeni sokuqala. (1)

6.2 Chaza lezi zimo zokukhuluma:

6.2.1 Asihlale, sigobe amadlangala ngaphansi kwesihlahla somnduze. (1)

6.2.2 Asisale sesihamba silifulathele leli lakithi, siduke nezwe. (1)

6.3 Ngamazwi akho imbongi iqonde ukuthini emugqeni wama-23? (1)

6.4 Veza **umqondo** wale nkondlo. Bhala amaphuzu amabili. (2)

6.5 **Hlobo luni** lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)
[8]

IEB Copyright © 2025

UMBUZO 7

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Inkondlo D – Engafundwanga ekilasini

NGIYEZWA MFUNDISI – S.N. Mhlanga

Ngiyezwa mfundisi,
Le ndaba oyikhulumayo
Ingihlaba umxhwele.
Indlebe ikhongozele,
Ubuchopho bufuthelwa ngumzabalazo
Wale mfihlo yomhlabathi
Engadabuka kuwona.

Ngiyezwa mfundisi,
Ukuth' umhlabath' uyophila;
Kuwona kuqhakaz' izithombo,
Kuwona kuqhakaz' izimbali
Ekugcineni impilo iyolotha,
Umhlabath' ubuyel' emhlabathini,
Uphind' ube yimvundo yomuny' umhlabathi!

Ngixakwa yinto yinye mfundisi,
Yimpilo yokuphila komhlabathi
Emuva **k**o**k**uphila **k**wawo **k**ulo mhlabathi.
Mfundisi, uyakuchitha ukuphila komhlabathi
Nesabelo sawo kumhlabath' ophilayo
Uyasichith' isigodlo samathongo,
Uyasichith' ukuphila komhlabathi ngale

.....

[Icashunwe encwadini ethi: *Ukungenisa Komngeni*]

7.1 Tomula i-enjambamenti etholakala esitanzeni soku-1. (1)

7.2 Bhala isizura etholakala esitanzeni sesi-3. (1)

7.3 Esitanzeni sesi-2, thola loku:

7.3.1 Uhlobo lwemvumelwano nesibonelo. (2)

7.3.2 Uhlobo lokuxhumana nesibonelo. (2)

7.4 Hlobo luni lwefanamsindo olutholakala emugqeni we-17? (1)

7.5 Esitanzeni sesi-2, thola igama lomuntu oshumayela esontweni. (1)

7.6 Phawula ngezitanza nemigqa yale nkondlo. (2)

[10]

Amamaki angama-30

IEB Copyright © 2025

ISIQEPHU D UKUSETSHENZISWA KOLIMI NOHLELO

UMBUZO 8

Sebenzisa isithombe esingezansi ukuphendula imibuzo.



[Sicashunwe ku-inthanethi]

Iqembu lebhola leragbhi Amabhokobhoko lidlale ngokuzimisela njengoba linqobe iNdebe Yomhlaba ngonyaka odlule. U-Eben Etzebeth uqokwe waba ngumdlali ovelele kubo bonke abadlali abadlale eNdebeni Yomhlaba. Izwe laseNingizimu Afrika liyaziqhenya ngempumelelo yeqembu lebhola leragbhi.

8.1 Bhala **ubuningi** bamagama abhalwe ngokugqamile bese ulungisa nesivumelwano. Bhala umusho ophelele.

8.1.1 **Umdlali u**gijima enkundleni yebhola yeragbhi. (1)

8.1.2 **Iqembu li**nqobe izindebe zomhlaba ezintathu. (1)

8.1.3 **Inkundla i**lungiselelwe imidlalo emikhulu. (1)

8.2 Lungisa isiqeshana esingezansi ngokufaka **izivumelwano zesiphawulo** ezifanele. Bhala impendulo **negama eliphelele**.

Umqeqeshi uzokwamukela umdlali 8.2.1 ___**sha** eqenjini laMabhokobhoko.

Abadlali 8.2.2___**dala** kulindeleke ukuthi benze umsebenzi

8.2.3 ___**khulu** enkundleni. (3)

IEB Copyright © 2025

8.3 **Nciphisa** amagama alandelayo.

8.3.1 Izwe (1)

8.3.2 Inkundla (1)

8.3.3 Indebe (1)

8.3.4 Iqembu (1)

[10]

IEB Copyright © 2025

UMBUZO 9

Sebenzisa isithombe esingezansi ukuphendula imibuzo ezolandela.



[Sicashunwe ku-inthanethi]

9.1 Shintsha umusho ongezansi ube kulezi **zinkathi zesenzo:**

Umusho: Izikole zisebenzisa ubuchwepheshe besimanje emakilasini.

9.1.1 Inkathi esanda kudlula. (1)

9.1.2 Inkathi ezayo. (1)

9.1.3 Inkathi ekade yadlula/eyadlula kudala. (1)

9.2 Bhala **ondaweni** abafanele esikhundleni samagama abhalwe ngokugqamile. Bhala impendulo kuphela.

9.2.1 **Ikilasi** kufundwa ngobuchwepheshe besimanje. (1)

9.2.2 Abafundi bangena **izinkundla** zokuxhumana ngesikhathi sesikole. (1)

9.2.3 Umfundi ucela imvume **uthisha** uma ezosebenzisa umakhale-khukhwini. (1)

9.3 Bhala **isabizwana soqobo** esikhundleni samabizo abhalwe ngokugqamile. Bhala impendulo kuphela.

9.3.1 **Ubuchwepheshe** bubalulekile ezikoleni. (1)

9.3.2 **Umakhalekhukhwini** awuvumelekile ekilasini ngesikhathi sokufunda. (1)

9.3.3 **Izinkundla zokuxhumana** zinobuhle nobubi ezikoleni. (1)


9.3.4 **Isikole** kufanele siqinise umthetho mayelana nobuchwepheshe. (1)

[10]

IEB Copyright © 2025

UMBUZO 10

Sebenzisa isithombe esingezansi ukuphendula imibuzo elandelayo.



[Sicashunwe ku-inthanethi]

10.1 Funda isigatshana esingezansi bese ufaka **ofeleba** lapho kudingeka khona.

Izingane ezifunda egugulethu High School bezigubha usuku lwamasiko ngomhlaka 24 kumandulo 2024. Umphathi wesikole uNkosikazi Nomusa msomi uyaziqhenya ngomsebenzi omuhle owenziwe abafundi besikole sakhe. (3)

10.2 Yakha **imibuzo** ngale misho elandelayo. Amagama agqamile abe yimpendulo yombuzo.

10.2.1 Isikole sigubha **amasiko esiZulu**. (1)

10.2.2 **Othisha** bapheka amadumbe nobhatata. (1)

10.3 Lungisa amagama akubakaki ngokufaka **impambosi** efanele. Bhala umusho ophelele.

10.3.1 Ujeqe (upheka) kahle emlilweni. (1)

10.3.2 Izitsha zokudla (zigeza) ngabafundi. (1)

10.3.3 Umama (upheka) abafundi isitambu. (1)

10.4 Bhala imisho emibili ngebizo **imbiza**, ukukhombisa izincazelo ezahlukene. (2)
[10]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2024